



It starts with a story...

## Give a gift, give a book

**When you give a book as a gift, you invest in the future of a child!  
Good books can be enjoyed over and over again.**

But, when you are in the bookshop surrounded by hundreds of inviting books, how do you pick one that a child is likely to want to read again and again – especially if you do not know the child very well? Here are some suggestions. (They apply to choosing books for children from the library too!)

Look at the shelves and displays, and choose a book that catches your eye. If it is a picture book, read the whole story. If it is a longer book, then read the beginning, a page or two in the middle and the ending. Then think about these things:

- If it is a picture book, could you bear it if a child asked you to read it again and again?
- If there are illustrations, look at them closely. Do they have interesting details in them that would fascinate a child? Do they help to tell part of the story?
- Did you want to keep reading? If so, chances are the story will hold a child's attention too.
- Does the book use words in ways that help you to create pictures in your mind and make you want to read on?
- Did the story have a clever and/or satisfying ending?

And here are some great opportunities to give books as gifts.

- **At the birth of a baby** Together with five friends, give a book for each of the first five years of the child's life.
- **At different milestones in a child's life** Help a child prepare for or deal with new experiences, like starting a new school, by giving them a storybook or novel about this.
- **At birthdays** Books make great birthday presents for any child, but you can also help create or expand a school library by donating a book to your child's school on his or her birthday.
- **As encouragement** Give a book to show your child you have noticed how hard they have tried to do something at home, with friends or at school. Then comes the real reward – time spent reading the book with you!



**Don't miss the special holiday edition of your Nal'ibali supplement next week! It's filled with fun things to read and do, and it's the last one for 2013!**

**Ungaphuthelwa isithasiselo sakho soshicilelo lwangesikhathi samaholide lwakwaNal'ibali ngesonto elizayo! Sigcwele izinto ezimnandi ezizofundwa futhi zenziwe, kanti esokugcina sika-2013!**

## Nikeza isipho, nikeza incwadi

**Uma unikeza incwadi njengesipho, utshala ekusaseni lengane! Izincwadi ezimnandi zingathokozelwa ziphinde zithokozelwe futhi.**

Kodwa, uma usesitolo esidayisa izincwadi uzungezwe amakhulu ezincwadi ezihhayo, uyithola kanjani incwadi okungenzeka ukuthi ingane ithande ukuyifunda iphinde iyifunde futhi – ikakhulukazi uma ungayazi kahle ingane? Nazi ezinye iziphakamiso. (Zisebenza ekukhetheni izincwadi zezingane nasemitatsheni yezincwadi imbala!)

Bheka amashalofu nalokho okubekiwe okukhonijswayo, bese ukhetha incwadi ekukhangayo. Uma kuyincwadi enezithombe, funda yonke indaba. Uma kuyincwadi endana, vele ufunde ekuqaleni, nekhasi elilodwa noma amabili phakathi nendawo, bese ufunda ekugcineni. Bese ucabanga ngalezi zinto:

- Uma kuyincwadi enezithombe, ngabe ungakwazi ukumelana nokuthi ingane ikucele ukuthi ufunde, uphinde uyifunde futhi?
- Uma kunemidwebo, yibhekisise. Ngabe inayo imininingwane emihle engayihlaba umxhwele ingane? Ngabe iyasiza ukuxoxa ingxenye yendaba?
- Ngabe ubufuna ukuqhubeka nokufunda? Uma kunjalo, maningi amathuba okuthi indaba izogcina nengane ilokhu ilalele.

- Ngabe incwadi isebenzisa amagama ngezindlela ezikusiza ukuthi uzakhele izithombe emqondweni futhi ikwenza ukuthi ufune ukuqhubeka nokufunda?
  - Ngabe indaba inesiphetho esihlakaniphile kanye/ noma esigculisayo?
- Nanka amanye amathuba amahle okunikeza izincwadi njengezipho.

- **Ekuzalweni komntwana** Ndawonye nabangani abahlanu, nikezani incwadi yonyaka ngamunye eminyakeni emihlanu yokuqala yengane.
- **Ezigabeni ezahlukene zokukhula kwengane yakho** Siza ingane ukuthi ilungele ukubhekana nezimo ezintsha zempilo, ezifana nokuqala esikoleni esisha, ngokuyinika incwadi enezindaba noma inoveli emayelana nalokhu.
- **Emicimbini yezinsuku zokuzalwa** Izincwadi zenza izipho ezinhle zosuku lokuzalwa zanoma iyiphi ingane, kodwa ungasiza futhi ngokwenza noma ukunweba umtapo wezincwadi wesikole ngokunikela ngencwadi esikoleni sengane yakho ngosuku lwayo lokuzalwa.
- **Njengesikhuthazi** Nikeza incwadi ukuze ukhombise ingane yakho ukuthi uyabona ukuthi izame kanzima kanjani ukwenza okuthile ekhaya, nakubangani noma esikoleni. Bese kuza umklomelo woqobo – isikhathi esichitha ifunda nawe incwadi!



Drive your  
imagination

Read to me. Never too early.  
Never too late.  
Ngifundele. Ungesheshe kakhulu.  
Ungelibale kakhulu futhi.





Drive your imagination

# Celebrating picture books



# Ukugubha izincwadi zezithombe

Picture books are books in which the illustrations are just as important to telling the story as the words. They are mostly shorter books that can be read in one sitting.

November is International Picture Book Month. To celebrate it, we would like to introduce you to some of South Africa's talented picture book authors and illustrators. They have had books published in South Africa and overseas, and have had stories in the Nal'ibali supplement and/or on Nal'ibali Radio in 2013!

Izincwadi zezithombe ziyizincwadi lapho izithombe zibaluleke ngokulingana namagama ekuxoxeni indaba. Kuvamise ukuba yizincwadi ezimfushane ezingafundwa ekuhlaleni okukodwa.

UNovemba Inyanga Yomhlaba Wonke Yencwadi Yezithombe. Ukuze siyigubhe, singathanda ukunethulela abanye ababhali nabadwebi bezincwadi zezithombe abanesiphiwo baseNingizimu Afrika. Sebebe nezincwadi ezishicilelwe eNingizimu Afrika naphesheya, futhi sebebe nezincwadi ezishicilelwe ezithasiselweni zakwaNal'ibali kanye/ noma nasohlelweni lomsakazo lukaNal'ibali ngo-2013!

## Niki Daly (author and illustrator)

**How long have you been writing and illustrating picture books?**

35 years

**How long does it take to come up with an idea for a story?**

Ideas for stories can come to me in an instant, or they can spend years just written down as an idea in my "Book of Ideas".

**What is the fun part of your work?**


Creating the characters! Many of my books spring from a particular character that I have drawn – a strong character can pull you straight into a story with them. Jamela (in the *Jamela* books) did that; so did Ruby (in *Ruby sings the blues*) and Mama Jumbo (in *Zanzibar Road*).

**Name some of the countries your books are available in.**

South Africa, the United Kingdom, the USA, Korea, Spain, Brazil, France, Japan, Ghana and Nigeria

**What do you want to tell children about picture books?**

Keep the picture books that you love the most. One day when you are an adult, you will open them up again, and how you felt as a child will come flooding back to you!



## UNiki Daly (umbhali nomdwebi)

**Sewunesikhathi esingakanani ubhala futhi wenza imidwebo yezincwadi zezithombe?**

Iminyaka engama-35

**Kuthatha isikhathi esingakanani ukuqhamuka nomqondo wokusungula indaba?**

Imiqondo yokusungula indaba ingazifikela masinyane nje, noma ingahlala iminyaka eminingi ibhalwe phansi njengemiqondo nje "Encwadini yami yemiqondo yokusungula indaba".

**Yikuphi okumnandi emsebenzini wakho?**

Ukwenza abalingiswa! Izincwadi zami eziningi ziqhamuka kumlingiswa othile engimdwebile – umlingiswa onamandla angakuholela endabeni naye. UJamela (ezincwadini zikaJamela) wenza lokho; kanjalo, noRuby (kwincwadi ethi *Ruby sings the blues*) noMama Jumbo (ku*Zanzibar Road*).

**Yisho amanye amazwe okutholakala kuwo izincwadi zakho.**

IseNingizimu Afrika, e-United Kingdom, e-USA, eKorea, eSpain, eBrazil, eFrance, eJapan, eGhana naseNigeria

**Ufuna ukuzitshelani izingane ngezincwadi zezithombe?**

Gcina izincwadi zezithombe ozithanda kakhulu kunezinye. Ngelinye ilanga uma usumdala, uzophinde uzivule futhi, kanti nendlela owawuzizwa ngayo useyingane izobuyela kuwe ngamandla!

## Wendy Hartmann (author)

**How long have you been writing picture books?**

27 years

**More or less how long does it take you to complete a book?**

One to three years

**What is the fun part of your work?**

When the story pulls together and you feel the excitement. Then, when the illustrator starts to paint or draw and interpret your words – that's wonderful!

**What is the hard part?**

Cutting out words and sentences you thought were important. Also, finding out that some stories just don't work.

**Name some of the countries your books are available in.**

South Africa, the United Kingdom, the USA and France

**What do you want to tell children about picture books?**

No matter who you are or how old you are, you will discover a picture book that you will want to share.



## UWendy Hartmann (umbhali)

**Usuzibhale isikhathi esingakanani izincwadi zezithombe?**

Iminyaka engama-27

**UCishe kukuthatha isikhathi esingakanani ukuqeda incwadi?**

Unyaka owodwa ukuya kwemithathu

**Yikuphi okumnandi emsebenzini wakho?**

Uma indaba ihlangana usuzizwa unesasasa. Kuthi-ke lapho umdwebi eqala ukupenda noma ukudweba kanye nokuhumsha amazwi akho – kube mnandi kakhulu!

**Yini ingxenywe yomsebenzi enzima?**

Ukukhipha amagama nemisho obucabanga ukuthi kubalulekile. Kanye nokuthola ukuthi ezinye izindaba azishayi khona.

**Yisho amanye amazwe okutholakala kuwo izincwadi zakho.**

ENingizimu Afrika, e-United Kingdom, e-USA naseFrance

**Ufuna ukuzitshelani izingane ngezincwadi zezithombe?**

Noma ngabe ungubani noma umdala kangakanani, uzothola incwadi enezithombe ozothanda ukwabelana ngayo nabanye.

## Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

## Zakheleni eyenu incwadi enizoyisika niyikhiphe bese niyigcina

1. Khipha amakhasi 3 ukuya ku-6 kulesi sithasiselo.
2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



U-Anti Aya wakha amanzi olwandle.  
USimon waziphonsa emanzini. USandi  
wawela emanzini wathi bhakia ngesisu.

Aunty Aya collected sea water. Simon  
flung himself into the water. Sandi did a  
belly flop.



Fold


“Hurry up, Momi  
Hurry up, Aunty Aya!”  
called Lucy.  
“Shesha, Mama!  
Shesha, Anti Aya!”  
kumemeza uLucy.



The beach was wide.  
There were white  
horses on the sea.  
Ibhisshi lalibanzi.  
kwakukhona  
amahashi  
amhlophe olwandle.



# Swimming in the sun Ukubhukuda elangeni



Jenny Hatton  
Joan Rankin




We publish what we like

This is an adapted version of *Swimming in the sun*, published by Jacana Media and available in bookstores and on-line from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). This story is also available in isiZulu, isiXhosa, Afrikaans, Sesotho and Setswana. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

Funda indaba yokuqala, *Ukubhukuda elangeni*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethiekhelini elithi: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). Le ndaba iyatholakala futhi ngesiNgisi, isiXhosa, isiBhunu, isiSotho nesiTswana. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonkeizilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazingezihloko ze-Jacana ngena ku: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

© Jacana Media (South African rights only) Tel: (011 628 3200)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nangokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your imagination


Fold

USandi nosimon bagijima phambili.

Sandi and Simon ran ahead.



The sand was soft and squishy between Lucy's toes. Isihlabathi! sasithambile, sizakala simanzi phakathi! kwezinzwane zikalucy.



ULucy, uSimon noSandi babhukuda, babhukuda.

Then Lucy and Simon and Sandi swam and swam and swam.



Fold

Lucy and her family were on holiday at Mzamba beach. One morning Lucy said, "The day is going to be as hot as a tomato."

ULucy nomndeni wakhe babesemaholidini ebhishi laseMzamba. Ngolunye usuku ekuseni uLucy wathi, "Lolu suku luzoshisa njengotamatisi."



Fold

... and Sandi was a freckled banana.

... kanti uSandi wayewubhanana omachofchofo.



The sun became a yellow ball. It was time to go home.  
Ilanga laphenduka ibhola eliphuzi. Kwase kuyisikhathi sokubuyela ekhaya.



Fold

They saw the sea below the cliffs. They jumped off the rocks onto the beach.  
Babona ulwandle phansi kwewa. Bagxuma besuka ematsheni bagxumela ebhishi.



But Sandi said, "It'll be as hot as a banana."

Kodwa uSandi wathi, "Luzoshisa njengobhanana."



Lucy was a tired tomato ...

ULucy wayewutamatisi okhathele ...



Fold



Lucy ran after her brother, Simon, and her cousin, Sandi. They dashed down the cliff path. Simon told them he saw a mamba, but he didn't. Lucy wagjima walandela umfowabo, usimon, nomzala wakhe, usandi. Bagjima behla eweni. Usimon wabatshela ukuthi ubone imamba kodwa wayengazange ayibone!




Lucy put on her costume. She rubbed sun cream on her face. She also spread it on her arms and legs.

ULucy wagqoka impahla yakhe yokubhukuda. Wagcoba ubuso bakhe ukhrimu wokuvikela ilanga. Wagcoba nezingalo nemilenze yakhe.

Fold ↩



The children dragged their feet through the waves. They hopped over the hot sand. Izingane zahudula izinyawo zazo emagasini. Zagxuma phezu kweshlabathi esishisayo.



They plodded up the cliff path. Zakhuphuka ngendlela eseweni.

Fold ↩ 6



### Jude Daly (illustrator and author)

#### How long have you been working in the world of picture books?

I've been illustrating picture books for about 20 years and retelling stories for about 13 years. I started writing my own, new stories about 2 years ago.

#### More or less how long does it take you to complete a book?

Between two and four years

#### What is the name of the first picture book you published?

*The Dove* which was written by Dianne Stewart.

#### Name some of the languages your books are available in.

English, Afrikaans, isiZulu, isiXhosa, French, Danish, Spanish, Korean and Japanese

#### What do you want to tell children about picture books?

I hope you never feel too old to enjoy them.



### UJude Daly (umdwebi nombhali)

#### Ususebenze isikhathi esingakanani emkhakheni wezincwadi zezindaba?

Zengenze imidwebo yezincwadi zezindaba cishe iminyaka engama-20 futhi sengixoxe kabusha izindaba cishe iminyaka eyi-13. Ngiqale ukubhala izindaba zami ezintsha cishe eminyakeni emi-2 edlule.

#### Cishe kukuthatha isikhathi esingakanani ukuqeda incwadi?

Phakathi kweminyaka emibili nemine

#### Lithini igama lencwadi yezindaba yokuqala owayishicilela?

I-*The Dove* eyayibhalwe uDianne Stewart.

#### Yisho ezinye zezilimi okutholakala ngazo izincwadi zakho.

IsiNgisi, isiBhunu, isiZulu, isiXhosa, isiFrentshi, isiDenishi, iSipenishi, isiKoriyeni nesiJaphani

#### Ufuna ukuzitshelani izingane ngezincwadi zezithombe?

Ngethemba ukuthi angeke uzizwe usuguge kakhulu ukuthi ungazithokozela.

### Marjorie van Heerden (illustrator and author)

#### When did you start creating stories?

I started drawing picture stories before I learnt to read and write, and have been doing it ever since. I had my first book published 30 years ago this year!

#### Who are some of your favourite picture books authors/illustrators?

Maurice Sendak, Jan Ormerod, Helen Oxenbury, Satoshi Kitamura, Tony Ross, Anthony Browne and Quentin Blake

#### How much do you like picture books?

A lot! For the last 30 years I've been collecting them and now I have over 30 000 illustrated children's books!

#### Why are picture books important?

Well-illustrated picture books provide the gateway to experiences and adventures that stimulate your mind and imagination.



### UMarjorie van Heerden (umdwebi nombhali)

#### Uqale nini ukwenza izindaba?

Ngaqala ukudweba izithombe zezindaba ngaphambi kokuba ngifunde ukufunda nokubhala, futhi sengiqhubeka nokukwenza lokhu kusukela ngaleso sikhathi. Ngalo nyaka nje sekuyiminyaka engama-30 ngashicilela incwadi yami yokuqala!

#### Yibaphi abanye ababhali noma abadwebi bezincwadi ezinezithombe obathandayo?

UMaurice Sendak, uJan Ormerod, uHelen Oxenbury, uSatoshi Kitamura, uTony Ross, u-Anthony Browne noQuentin Blake

#### Uzithanda kangakanani izincwadi zezithombe?

Kakhulu! Sengiqoqe izincwadi kusukela eminyakeni engama-30 eyedlule futhi kumanje nje senginezincwadi zezingane zezithombe ezingaphezu kwezi-30 000!

#### Zibaluleke ngani izincwadi zezithombe?

Izincwadi zezindaba ezidwetshelwe kahle ziyindlela yokuthola okwenzeka empilweni kanye nokusha okukhuthaza umqondo nomcabango wakho.



### Joan Rankin (illustrator and author)

#### How did you get into working on picture books?

I studied art at university and then someone suggested I do book illustrations. I hadn't planned on doing it!

#### What is the fun part of working on picture books?

It all has to be fun, otherwise the book itself is boring.

#### What is the hard part?

Getting started – getting to know the main character and experiencing their reactions and emotions. It is exhausting.

#### Why are picture books important?

They are the best way to learn about life, language, and understanding and solving problems! A book can be a friend to hold, smell, feel and experience for life.



### UJoan Rankin (umdwebi nombhali)

#### Ngabe waqala kanjani ukusebenza ngezincwadi zezithombe?

Ngafundela ukudweba enyuvesi kwase kuba khona umuntu owaphakamisa ukuthi ngenze imidwebo yezincwadi. Ngangingazange ngikuhlele ukukwenza lokho!

#### Yini emnandi ekwenzeni izincwadi zezithombe?

Kumele kukuthokozise konke, uma kungenjalo incwadi uqobo ayizuba mnandi.

#### Yini ingxenywe yomsebenzi enzima?

Ukuqala – ukuqala ukwazi umlingiswa oqavile kanye nokubona indlela azizwa ngayo. Kuyakhathaza.

#### Zibaluleke ngani izincwadi zezithombe?

Ziyindlela engcono yokufunda ngempilo, ngolimi, nokuqonda nokusombulula izinkinga! Incwadi ingaba umngani ozomgona, ozomhogela nozoba naye impilo yakho yonke.

## Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday to Wednesday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday, Wednesday and Friday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



## UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nesiNgisi ohlelweni lomsakazo lukaNal'ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.

Ku-SAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

## Story corner

Here is the final part of the story about a silly young man for you to read aloud or tell.

### Silly Thukile (Part 2) Retold by Wendy Hartmann

On Friday, Thukile worked for a baker. At the end of the day the baker paid Thukile by giving him a dog. Thukile carefully carried the dog home in his hands. But before long, the dog began to scratch and nip Thukile so badly that he had to let it go.

His mother said, "Oh, Thukile, you should have tied a string to its collar and let it follow behind you."

"Okay," said Thukile, "I'll do that tomorrow."

The next day was Saturday and Thukile went to work for a butcher. He paid Thukile with a nice piece of meat. Thukile took the meat, tied a string around it and dragged it along behind him! By the time he got home, the meat was spoilt.

"What am I going to do with you?" his mother asked. "Tomorrow is Sunday and now we will have only cabbage to eat for dinner. You should have carried the meat on your shoulders."

"I'll do that next time," replied Thukile.

On Monday, Thukile worked for someone who gave him a donkey as payment. Thukile struggled and struggled, but at last he had the donkey up and on his shoulders. Then he began to walk home slowly.

Thukile passed a house where a very rich man lived. The rich man had only one daughter, but for years she had not said a word. She had also never laughed in her life. The doctors said that she would only be able to speak again if someone made her laugh. The rich man promised that anyone who made her laugh, could marry her.

The girl was looking out the window as Thukile passed with the donkey on his shoulders. The donkey's legs were sticking up in the air and it looked so funny that the girl burst out laughing. At once she was able to speak again.

The rich man was so happy, and he kept his promise – his daughter and Thukile could be married. Thukile became very rich. He lived in a big house with his wife and his mother who never had to work again. And Thukile never had to carry anything else himself again.



Illustration by Jiggs Snaddon-Wood  
Umdwebo wenziwe uJiggs Snaddon-Wood

Tell us if you liked the story, *Silly Thukile* – SMS "Bookmark" with your name and your comments to 32545. R1,00 per SMS.

## Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yokugcina yendaba emayelana nomfana oyisilima ozoyifunda kakhulu noma ozoyixoxa.

### Isiwula esinguThukile (Ingxenye yesi-2) Ixoxwa kabusha uWendy Hartmann

NgoLwesihlanu, uThukile wasebenzela umbhaki. Ngakho ekupheleni kosuku umbhaki wamkhokhela ngokumnikainja. UThukile waya ekhaya ephetheinja ngokucophelela ezandleni zakhe. Kungaphelanga sikhathi esingakanani,inja yaqala ukukwebha nokunephuzauThukile kangangokuba waze wayidedela.

Umama wakhe wathi kuye, "O, Thukile, bekumele ubophele intambo emqaleni wayo bese uyihola."

"Kulungile," kusho uThukile, "Ngizokwenzenjalo kusasa."

Usuku olulandelayo kwakunguMgqibelo, kanti uThukile wayosebenzela umnikazi webhusha. Wakhokhela uThukile ngesigaxa senyama esihle. UThukile wathatha isigaxa senyama, wasibopha ngentambo wasihudula emva kwakhe! Ngesikhathi efika ekhaya, yase yonakele iphelile inyama.

"Ngizokwenzani kodwa ngawe?" kubuza umama wakhe. "Kusasa yiSonto manje-ke kuzomele sidle iklabishi esidlweni sakusihlwa. Ave uyisilima, bekumele uthwale inyama ehloambe lakho."

"Ngizokwenzenjalo ngokuzayo," kuphendula uThukile.

NgoMsombuluko, uThukile wahamba wasebenzela omunye umuntu futhi owamkhokhela ngembongolo. UThukile wazama, wazama, kodwa ekugcineni waze wayigibeza imbongolo emahlombe akhe. Wase eqala uhambo lwakhe elubhekise ekhaya kancane.

UThukile wadlula indlu okwakhulala kuyo indoda enothekakhulu. Isicebi lesi sasinendodakazi eyodwa, kodwa kwase kudlule iminyaka eminingi kakhulu ingathi vu. Yayingakaze futhi ihleke empilweni yayo. Odokotela babethe iyophinde ikwazi ukukhuluma futhi uma kukhona umuntu oyihlekisile. Indoda enothile yathembisa ngokuthi noma ubani ozokwenza ukuthi indodakazi yayo ihleke, angashada nayo.

Intombazane yayibuka phandle ngesifasitela ngesikhathi kudlula uThukile ethwele imbongolo emahlombe akhe. Imilenze yembongolo yayibheke phezulu, futhi lokhu kwakuhlekisa kangangoba yaze yaphubuka yahleka intombazane. Ngaso leso sikhathi yakwazi ukuphinde ikhulume futhi.

Indoda enothile yayijabule kakhulu, yasigcina isethembiso sayo – yathi indodakazi yayo noThukile bangashada. UThukile waba indoda enothekakhulu. Wahlala endlini enkulu kanye nonkosikazi nomama wakhe okungazange kuphinde kudingeke ukuthi asebenze futhi. Kanti, noThukile akazange aphinde athwale enye into emahlombe akhe futhi.

Sitshela ukuthi ngabe uyithandile yini indaba ethi, *Isiwula esinguThukile* - thumela nge-SMS -u-"Bookmark" negama lakho nalokho ofisa ukukusho ku-32545. I-SMS ibiza i-R1,00.

### In your last Nal'ibali supplement for 2013:

- Ideas for holiday story fun
- Two stories to enjoy
- Puzzles and other fun Nal'ibali activities
- Story Stars: Nal'ibali staff making a difference
- Nal'ibali holiday poster

Bookmarks, posters, activity sheets... Download your free resources from the Nal'ibali "Resource Section" at [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)



Find us on Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)  
Sithole kuFacebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)

### Esithasiselweni sakho sokugcina sakwaNal'ibali sika-2013:

- Imiqondo yokuzithokozisa yangesikhathi samaholide
- Izindaba ezimbili ozozithokozela
- Amaphazili kanye neminye imisebenzi ethokozisayo yakwaNal'ibali
- Abavelele Ezindabeni: Abasebenzi bakwaNal'ibali benza umehluko
- Iphosta yesikhathi samaholide yakwaNal'ibali

Ama-bookmark, amaphosta, amaphepha emisebenzi... Thwebula ngensiza yekhompyutha izinsiza zamahala ku-Nal'ibali "Resource Section" Nal'ibali ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

